**INqubomgomo Yama-cookie**

Le Nqubomgomo Yama-cookie ichaza indlela thina Tools for Humanity Corporation nezinkampani ezingaphansi kwethu (ndawonye esibizwa nge-"Worldcoin"), esisebenzisa ngayo ama-cookie nobunye ubuchwepheshe, njengama-web beacon, ukuze silandele abantu lapho bevakashela amawebhusayithi ethu kanye namanye amaSevisi, kuhlanganise ne-worldcoin.org. I-web beacon yindlela esetshenziswa emakhasini ewebhusayithi ukuze kubhekwe (ngokuvamile ngokungabonakali) ukuthi umuntu ungenile yini kuwebhusayithi ethile. Le Nqubomgomo Yama-cookie ifakiwe eSitatimendeni Se-Worldcoin Sengasese (Worldcoin Privacy Statement) e-worldcoin.org/privacy-statement futhi ingaphansi kwemithetho yaso.

Sisebenzisa ama-cookie angafani kuye ngokuthi uvakashele yiphi iwebhusayithi yethu, (i-worldcoin.org, i-Worldcoin Developer Portal, i-Worldcoin Orb Operator Portal, i-id.worldcoin.org, ne-tech.worldocin.org). Kuwo wonke ama-cookie sisebenzisa izindlela zokufihla ukuze siqinisekise ukuthi ingasese lomsebenzisi liyavikeleka.

Sizisebenzisa izinhlobo ezilandelayo zama-cookie:

**Ama-Cookie Adingeka Kumnyama Kubomvu:** La ma-cookie ayadingeka ukuze amaSevisi asebenze futhi awanakucishwa kumasistimu ethu. Ngokuvamile asethwa ukuba asabele kulokho okwenzayo okuyisicelo samasevisi athile, njengokungena ku-akhawunti noma ukugcwalisa amafomu. La ma-cookie ahlanganisa nama-cookie esingathembela kuwo ukuze sivimbele ukukhwabanisa. Ungayisisetha i-browser yakho ukuthi iwavimbe la ma-cookie noma ikwazise ngawo, kodwa amanye amaSevisi angase angasebenzi. Isizathu esingokomthetho sokusebenzisa ama-Cookie Adingeka Kumnyama Kubomvu wukukhathalela kweqiniso. Ukukhathalela kweqiniso okuhlosiwe wukunikeza ulwazi ku-inthanethi mahhala kubantu abanquma ngokuzithandela ukuvakashela leyo webhusayithi engenakusebenza ngaphandle kwama-Cookie Adingeka Kumnyama Kubomvu.

**Ama-Cookie Okusebenza/Okuhlaziya:** La ma-cookie asisiza sikwazi ukubala izikhathi okuvakashwe ngazo nokuthi abavakashayo bavelaphi ukuze sikwazi ukukala futhi sithuthukise ukusebenza kwamaSevisi ethu. Asisiza siqonde ukuthi lithandwa kangakanani ikhasi siqonde nokuthubeleza kwezivakashi kumaSevisi. Lonke ulwazi oluqoqwa yila ma-cookie luhlanganiswa nolunye futhi ngenxa yalokho alwaziwa ukuthi luvela kubani. Uma ungawavumeli la ma-cookie, ngeke sazi uma uye wawasebenzisa amaSevisi ethu futhi ngeke sikwazi ukuqapha ukusebenza kwawo. Isizathu esingokomthetho sokusebenzisa ama-Cookie Okusebenza/Okuhlaziya yimvume yomsebenzisi. Imvume ungayihoxisa ngokuthanda kwakho noma nini.

**Ama-Cookie Okwenza Izinto Lula:** La ma-cookie asisiza sikhumbule izinto ozikhethayo futhi sizifanelanise namaSevisi ethu ukuze sikunikeze okuhambelana nawe. Ngokwesibonelo, i-cookie lokwenza izinto lula lingakhumbula izinto obuzikhethile (isib., izwe noma ulimi), noma igama lakho lomsebenzisi. Isizathu esingokomthetho sokusebenzisa ama-Cookie Okwenza Izinto Lula yimvume yomsebenzisi. Imvume ungayihoxisa ngokuthanda kwakho noma nini.

Nalu uhlu lwama-cookie esiwasebenzisa ezingxenyeni ezihlukahlukene zewebhusayithi:

| IWebhusayithi | Ama-cookie asetshenzisiwe |
|---|---|
| worldcoin.org | Kuwebhusayithi ye-worldcoin.org sisebenzisa ama-Cookie Adingeka Kumyama Kubomvu kanye nama-Cookie Okusebenza/Okuhlaziya owavumela uma uthanda (i-cookie eyodwa esigabeni ngasinye). Ukuhlaziya sikusebenzisela kuphela ukuthuthukisa umkhiqizo wethu. Asiyisebenzisi imininingwane yakho ukuze siyidayisele abakhangisi abaseceleni. |
| I-Worldcoin Developer Portal | Ku-Worldcoin Developer Portal sisebenzisa ama-Cookie Adingeka Kumnyama Kubomvu nama-Cookie Okusebenza/Okuhlaziya owavumela uma uthanda (i-cookie eyodwa esigabeni ngasinye). Ukuhlaziya sikusebenzisela kuphela ukuthuthukisa umkhiqizo wethu. Asiyisebenzisi imininingwane yakho ukuze siyidayisele abakhangisi abaseceleni. |
| I-Worldcoin Orb | Ku-worldcoin Orb Operator Portal sisebenzisa ama-Cookie Adingeka Kumnyama Kubomvu, ama-Cookie |

| | |
|---|---|
| Operator Portal | Okwenza Izinto Lula owavumela uma uthanda kanye nama-Cookie Okusebenza/Okuhlaziya. Asiyisebenzisi imininingwane yakho ukuze siyidayisele abakhangisi abaseceleni. |
| I-id.worldcoin.org | Ku-portal ye-Worldcoin Documentation sisebenzisa kuphela i-Cookie Yokusebenza/Yokuhlaziya oyivumela uma uthanda ukuze sibike ngaphandle kokudalula igama izihlaziyo ezisisiza sithuthukise umkhiqizo wethu. Asiyisebenzisi imininingwane yakho ukuze siyidayisele abakhangisi abaseceleni. |
| I-tech.worldocin.org | Ku-portal ye-Worldcoin Documentation sisebenzisa kuphela i-Cookie Yokusebenza/Yokuhlaziya oyivumela uma uthanda ukuze sibike ngaphandle kokudalula igama izihlaziyo ezisisiza sithuthukise umkhiqizo wethu. Asiyisebenzisi imininingwane yakho ukuze siyidayisele abakhangisi abaseceleni. |

Thina kanye nabahlinzeki bethu bamasevisi abaseceleni sisebenzisa ama-web beacons ngezizathu ezinikezwe ngezansi, kodwa ngokuyinhloko ukuze asisize silawule kangcono okuqukethwe amaSevisi ethu ngokusazisa ukuthi yikuphi okuqukethwe okusebenzayo.

Ndawonye, la mathuluzi asisiza ukuba:

- Sihlaziye iwebhusayithi;
- Sivimbele ukukhwabanisa nokuhlaselwa kwamawebhusayithi namaSevisi ethu; futhi

Sisebenzisa ama-cookie nezilandeleli ukuze sikunike okuzokuhlukanisa kwabanye ukuze sikwazi ukugcina umlando:

- Wamawebhusayithi owavakashelayo
- Wekheli lakho le-IP

Ungawavimba noma nini ama-cookie usebenzisa amasethingi e-browser yakho, kodwa lokho kungazinciphisa izinto okwazi ukuzithola nge-browser yakho kunciphise nezici zamaSevisi okwazi ukuzisebenzisa.

**AZOHLALA ISIKHATHI ESINGAKANANI AMA-COOKIE KUDIVAYISI YAMI ENGISEBENZISA KUYO I-BROWSER?**

Ubude besikhathi i-cookie elizosihlala kudivayisi osebenzisa kuyo i-browser, buncike ekutheni liyi-cookie "eliphikelelayo" noma "elenkathi" ethile. Ama-cookie enkathi ethile azohlala kudivayisi kuphela kuze kube yilapho uvala i-browser yakho. Ama-cookie aphikelelayo ahlala kudivayisi osebenzisa kuyo i-browser kuze kube yilapho ephelelwa yisikhathi noma ecishwa.

**INDLELA YOKULAWULA AMA-COOKIE NOBUCHWEPHESHE OBUNJENGAWO**

Unalo ilungelo lokunquma ukuthi uyawamukela yini ama-cookie angewona ama-Cookie Adingeka Kumnyama Kubomvu.

Ungakwazi nokukhetha kumasethingi e-browser indlela ama-cookie (kuwo wonke amawebhusayithi) azosingathwa ngayo kudivayisi yakho kuhlanganise nokuvimba noma ukucisha wonke ama-cookie noma ama-cookie ezinkampani ezisezeleni kuphela. Ngamunye umakhi we-browser uhlukile, ngakho bheka imenyu ethi "Help" ku-browser yakho ukuze wazi ukuthi ukushintsha kanjani okukhethayo ngama-cookie.

Ngaphezu kwalokho, amanethiwekhi amaningi okukhangisa akunikeza indlela yokukhetha ukuthi ungasazitholi izikhangiso ezihloselwe wena. Uma ungathanda ukuthola ulwazi olwengeziwe, sicela uvakashele e-aboutads.info/choices/ noma e-youronlinechoices.com.

> Ungalandeleli: Amanye ama-browser e-inthanethi - njenge-Internet Explorer, i-Firefox, ne-Safari - anekhono lokukhipha izimpawu ezithi “Ungalandeleli” ("Do Not Track") noma "DNT". Njengoba okwamanje ingakabi khona imithetho efanayo yezimpawu ze-"DNT", amaWebhusayithi ethu okwamanje awakwazi ukusingatha izimpawu ze-"DNT" noma ukusabela kuzo.

**INGABE IZOBUYEKEZWA LE NQUBOMGOMO YAMA-COOKIE?**

Kungenzeka singadamane siyibuyekeza le Nqubomgomo Yama-cookie ukuze sibonise, ngokwesibonelo, ushintsho kuma-cookie esiwasebenzisayo noma ngezizathu zokusetshenziswa, ezomthetho noma ezokuqondisa. Uma kwenzeka sibuyekeza, uyokwaziswa lapho uvakashela iwebhusayithi yethu okokuqala ngemva koshintsho. Ungaphinda futhi ulivakashele leli khasi uma ufisa ukuzigcina

